

VESUVIUS plc

Inqubomgom Elwisana Nokugwaza kanye Nenkohlakalo

INDLELA YOKUZIPATHA EBHIZINISINI UKUZE KUVIKELWE UKUGWAZA NOKUKHWABANISA

Inqubomgom:

Ukulwisana Nokugwaza kanye Nenkohlakalo (i-ABC)

Umthwalo Wenkampani:

Ummeli Jikelele

Ihumusho:

2.1

Ukubukezwa kokugcina:

Okthoba 2017

Le Nqubo kumele ichitshiyelwe ngaphandle kokugunyaza kwehhovisi Lommeli Jikelele kanye Nonobhala Wenkampani i-Vesuvius plc.

Isingeniso

Le nqubomgom ihlinzeka ngezeluleko zezinckambisonhle zebhizinisi kanye nezimiso ezibhalwe eMgomweni Wokuziphatha we-Vesuvius oveza ukuthi zonke izinhlaka ze-Vesuvius zisebenza ngokufanele, ngokuvulelekile nangobuqotho.

Inhloso yale Nqubomgom ukwenza okulandelayo:

- ukwendlala imithwalo yabo bonke abaqondisi, izikhulu kanye nabasebenzi be-Vesuvius, kanye nalabo abasisebenzelayo, kwezokuqapha nokugcina isikhundla sethu sokungahambisani nokugwaza kanye nenkohlakalo; kanye
- ukuhlinzeka ngolwazi nezeluleko kulabo abasisebenzelayo mayelana nokuthi sikubona kanjani futhi sibhekana kanjani nezimo zokugwaza nenkohlakalo.

I-Vesuvius izomeseka ngokugcwele umuntu Owenqaba ukukhokha imali yokugwaza noma ngabe uzobhekana nayiphi inkinga, ukulahlekelwa umsebenzi webhizinisi noma izindleko ezengeziwe eziphathelene ne-Vesuvius. Nokho, kuzo zonke izimo, kumele uthathe isinyathelo esingase sikufake wena noma omunye umuntu engozini.

Ukungahlonishwa kweNqubomgom kuwukwaphula umthetho okukhulu, futhi kungase kuholele ophenyweni nasekuqondisweni kwezigwegwe kwangaphakathi, okuyoholela ekuxoshweni emsebenzini. Umphumela wokuphula le nqubomgom ku-Vesuvius nakumuntu ngamunye ungaba mubi kakhulu futhi ungaholela ezinhlawulweni kanye/noma ekuboshweni.

Uma usola ukuthi kunomqondisi, isikhulu noma umsebenzi we-Vesuvius, noma omunye umuntu omele noma egameni le-Vesuvius, okungenzeka ukuthi uphule uMgomo Wokuziphatha noma le Nqubomgom kumele lokhu ukubikele iNkampani ngokuphazima kweso. Akekho umsebenzi oyojeziswa noma alimale ngokubika ngezinsolo zokuphulwa komgom.

Uhlelo

Le Nqubomgom isebezena:

- kubo bonke abaqondisi, izikhulu kanye nabasebenzi be-Vesuvius, kanye nalapho okufanele khona, abangahlangene ngqo abenza imisebenzi egameni le-Vesuvius;

- kulo lonke iqembu le-Vesuvius, okubandakanya i-Vesuvius plc kanye nabasebenzisana nayo ("Vesuvius"), noma ngabe kweliphi izwe lapho ibhizinisi liqutshwa khona kanye/noma uphiko lwebhizinisi oluzinze khona.

Imigomo equkethwe kule Nqubomgomo kumele isetshenziswe kuwo wonke amazwe, noma ngabe iqine ngaphezu komthetho wasendaweni. Lapho imithetho yasendaweni iqine ngaphezu kwale Nqubomgomo, leyo mithetho yasendaweni kumele ilandelwe.

Akwamukelekile nhlobo ukusebenzisa izimali zomuntu ngqo ukwenza obekungeke kuvumeleke ngaphansi kweMigomo Yokuziphatha ye-Vesuvius noma le Nqubomgomo.

1. Isitativende seNqubomgomo

- 1.1 I-Vesuvius angeke izamukele izenzo zenkohlakalo nhlobo uma kuqhutshwa umsebenzi wayo.
- 1.2 Akekho umuntu ozozibandakanya kunoma oluphi uhlolo lokugwaza e-Vesuvius - njengokuthi akumele nhlobo sethembise ukunika umuntu noma Umsebenzi Kahulumeni imali, ukumenzelela noma inzuso ngenhloso yokushintsha indlela yokwenza noma ukuthatha isinqumo kwakhe.¹
- 1.3 Ngakho, akekho umqondisi, isikhulu noma umsebenzi we-Vesuvius noma Umuntu Ongahlangene Ngqo osebenzela i-Vesuvius ozokwenza okulandelayo:²
 - Ukugwazisa noma ubani:
 - Ukwamukela ugwazelwa inoma ubani; kanye/noma
 - Ukuhibandakanya kunoma oluphi uhlolo lokugwazisa noma ukugwazelwa umuntu ongahlangene ngqo ngokungaqondile.
- 1.4 Wonke umuntu ose-Vesuvius kumele abonakalise ukuthi wonke umsebenzi wethu siwenza ngokulandela imigomo emikhulu kakhulu futhi ahambisane nale Nqubomgomo kanye nayo yonke imithetho elwisana nokugwaza kanye nenkohlakalo.

Ubungozi Ngokugwaza Nenkohlakalo

2. Abangahlangene Ngqo

Iseluleko: I-Vesuvius ingathwesa umthwalo ngezenzo zokugwaza ezenziwe Abangahlangene Ngqo. Ngakho, i-Vesuvius ilangazelela ukuqhuba ibhizinisi Nabangahlangene Ngqo ukuze kubonakaliswe imigomo yezinkambisonhle njengeye-Vesuvius.³

- 2.1 Bonke Abangahlangene Ngqo abasebenza egameni le-Vesuvius kumele balandele imithetho elwisana nokugwaza kanye nenkohlakalo. Phezu kwalokho, kumele baziswe ngale Ngubomgomo, ukuze kugqquzelwe imigomo ephakeme yendlela yokuqhuba izinkambisonhle jikelele.
- 2.2 Abangahlangene Ngqo kumele bangasetshenzisewa ukwenza imisebenzi egameni le-Vesuvius okungase kulimaze le Nqubomgomo noma imithetho elwisana nokugwaza kanye nenkohlakalo.
- 2.3 Ama-ejenti, Abamambisi bempahla kanye nabo bonke abanye abangahlangene ngqo kumele baqokwe ngokuambisana neNqubomgomo Yokuqokwa Kwama-ejenti kanye Nabangahlangene

¹ Bheka Izincazeloo

² Bheka Izincazeloo

³ Bheka Izincazeloo

ngqo okubandakanya ukwenza imisebenzi efanele ngenxa yokuhlolwa komsebenzi okwensiwa ngokufanele.

3. Izipho, Ukuphathwa kahle kanye Nokuzijabulisa (i-GH&E)

Izelulelo: *Ukuphana ngezipho, ukuphathwa kwahle noma ezokuzijabulisa ziyindlela ejwayelekile yokuphathana kahle uma kuqhutshwa ibhizinisi emazweni amaningi. Uma kungenziwanga ngokweqile, kubalulekile ukuze kwakhiwe futhi kugcinwe ubudlelwano. Uma kwenziwa ngokweqile, noma ngokungafanele, kungathathwa ngokuthi kuwukugwaza. Uma isipho, ukuzijabulisa noma ukuphathwa kahle kuhloswe ngakho, noma kungachazwa ngokuthi, umklomelo noma okokukhuthaza ukwenzelwa umusa noma ukuphathwa ngendlela ekhethekile, okwenza kungamukeleki ngaphansi kwale Nqubomgomo.*

3.1 I-Vesuvius ayizukuzisebenzisa izipho, ukuphathwa kahle kanye nokuzijabulisa ukuze:

- Yenzekwe umusa ekuqhutshweni kwebhizinisi kube kungafanele;
- Ibe nesandla ekuthathweni kwesinqumo sokuqhutshwa kwebhizinisi ngokungafanele;
- Ukushintsha indlela abathatha ngayo izinqumo kwezamabhizinisi; noma
- Ukwenze kube nokuphoqa ukuthi i-Vesuvius iphathwe ngendlela ekhethekile.

3.2 Izipho kumele kunekezelwe ngazo ngokuvulelekile, ngaphandle kwemibandela, kumele zingambi eqolo. Ukuphathwa kahle kanye nokuzijabulisa kumele kube ngokufanele ukuqhutshwa kwebhizinisi, futhi kuphakanyiswe kuphinde kwamukelwe uma kungokwezinloso esifanele nezisezingeni elifanele izinga nobudala balabo ababandakanyekayo.

3.3 Zonke izipho, ukuphathwa kahle kanye nokuzijabulisa kumele kuhambisane futhi kubhalwe ngokweziNqubo ze-Vesuvius GH&E. Noma okuphi ukuchezuka kule Nqubomgomo noma Izinqubo ze-GH&E kumele zigunyazwe ngaphambilini ngokubhaliwe Abaphathi Abakhulu ngokuhambisana nenqubomgomo elawulayo.

3.4 Izipho, ukuphathwa kahle noma ukuzijabulisa kungenziwa Kubasebenzi Bahulumeni noma Abasebenzi Bahulumeni kanye nezinhlaka ngokuhambisana Nezinqubo ze-GH&E.

4. Iminikelo Noxhaso

Izeluleko: *I-Vesuvius ingabamba iqhaza elikhulu emphakathini nasekweseke ni imiphakathi esezenza phakathi kwayo - ngokweseke izinhlangano eziqhuba imisebenzi ngeminikelo endaweni kanye nezinhlelo, kanye nokuxhasa imisebenzi yezamabhizinisi esemthethweni. Nokho, iminikelo kanye noxhaso kungasetshenzisela ukugwaza.*

4.1 Lapho i-Vesuvius yeseka izindawo ezinkelwayo, ikakhulukazi lezo ezisemiphakathini yasendaweni, lokhu akumele kwensiwe ngoba kucele amakhasimende kanye/noma nalabo ababambisene nabo ebhizinisini, ngaphandle kwalapho kugunyazwe Abaphathi Abakhulu ngaphambilini ngokubhaliwe.

4.2 Yonke iminikelo okungabe ikhokhwe ngokhesi noma ngeminikelo emicimbini yezinhlangano eziqhuba imisebenzi ngeminikelo, okushicilelw noma izinhlelo zokuqoqa iminikelo kumele kugunyazwe Abaphathi Abakhulu ngaphambilini.

4.3 Ukuxhashwa kwemisebenzi noma imicimbi ethile, okwensiwe emphakathini ngenhoso yokuthola okuthile ngenxa yolokho kuxhasa, lapho lokhu kuzobonakala emphakathini futhi kwenzele i-Vesuvius inzulo kwezebhizinisi noma emphakathini ngenxa yokuzibandakanya njengomxhasi. Kumele Abaphathi Abakhulu bagunyaze ngaphambilini.

4.4 I-Vesuvius iphikisana ngokugcwele neziphо noma iminikelo eqondiswe emaqenjini ezopolitiki.

5. **Ukulawula Ukukhokha**

Iseluleko: *Ukulawula Kokukhokha (okubuye kwaziwe ngokuthi i-grease noma i-speed payments) kumayelana nezimali ezincane ezikhokhelwa abasebenzi bahulumeni ukuze banxenxe abantu ukuthi benze imisebenzi yabo noma basheshise inqubo abebengase bayenze. Ukukhokha okunjalo, empeleni, kuwukugwaza futhi akukho emthethweni ngaphansi komthetho Wokugwaza wase-UK.⁴*

5.1 Ukulawula Ukukhokha akuvunyelwe ile Nqubomgomо.

5.2 Lapho umuntu ephoqelekile ukuthi akhokhe ngaleyo ndlela, isibonelo lapho ephoqelekile ngenxa yokusatshisa noma lapho besatshiswe ngokulinyazwa emzimbeni noma ngokusatshisa ngesicelo Sokulawula Kokukhokha, kumele bangazibeki engcupheni futhi bangakwazi ukukhokha.

5.3 Lapho ukulawula ukukhokha kwensiwa (ngenza yezimo ezibhalwe kundima 5.2), kumele ubikele uMqondisi Wezimali ngokuphazima kweso ukuze kuqinisekiswe ukuthi ukukhokha kubhalwe phansi ngokucacile kumarekhodi evezimali.**Error! Reference source not found.**

6. **Ukubhekana Nabasebenzi Bahulumeni**

Iseluleko: *I-Vesuvius kudingeka ixhumane nohulumeni, abaphethe ezokulawula, ama-ejensi kahulumeni, kanye nabasebenzi bahulumeni ukuze kuqhutshwe lomsebenzi webhizinisi - ezimweni ezinjengeziMvume, ikheli le-IP kanye nezimo zezemvelo. Lokhu kuxhumana kumele kube ngokuvulelekile futhi kwensiwe ngobuqotho, kube kunabasebenzi abasebenza ngemigomo ecacile.*

6.1 Akekho umqondisi we-Vesuvius, isikhulu noma umsebenzi, noma Ongahlangene Ngqo osebenza egameni le-Vesuvius, ovumeleke ukuba nesandla ekutheni Umsebenzi Kahulumeni enze imisebenzi yakhe ngokungafanele.

6.2 Izipho, ukuphathwa kahle noma ukuzijabulisa kungenziwa Kubasebenzi Bakahulumeni noma Abasebenzi Bahulumeni kanye nezinhlaka ngokuhambisana Nezinquo ze-GH&E.

6.3 Kunezimo lapho i-Vesuvius okumele ngokomthetho obhalwe phansi ikhokhele imisebenzi Yabasebenzi Bahulumeni isib. ukugunywa kokungena noma ukuphuma kwempahla ezweni noma ukuvakashelwa abalawuli bezemvelo. Silindele ukuthi labo basebenzi bafeze umsebenzi wabo ongokomthetho nowokulawula nokuthi noma eliphi inani elikhokhwayo linesisekelo somthetho. Lapho kungenzeka, ubufakazi obubhaliwe balokhu kukhokha okudingekayo kumele kutholakale ngaphambi kokuba kube nokunjalo okukhokhelwayo kanjalo nerisidi. Laba basebenzi akumele bakhokhelwe enye imali yokwengezelwa noma baphiwe izipho.⁵

7. **Imisebenzi Yezokwazisa**

Iseluleko: *Ezokwazisa ziyingxene ebaleleka kakhulu ebhizinisini, futhi uma kwensiwa ngendlela eyiyo kuyithuluzi elibalulekile lokweseka nokuthuthukisa ibhizinisi. Nokho, ezokwazisa akumele nhlobo zibe ezohlobo, noma zihambisane nokuphatha kahle noma ukuzijabulisa, kuze kuthathwe ngokuthi kuhloswe ngakho ukuba nesandla emphumeleni wokuqhutshwa kwebhizinisi ngokungafanele.*

⁴ Bheka Izincazelо

⁵ Hhayi ngokwenquo noma ngokuvame ukwensiwa

7.1 Lapho i-Vesuvius ihlela:

- ukuvakashela indawo kwamakhasimende alindeckile; noma
- izimo zokwazisa ngemikhiqizo yayo noma ezemfundo mayelana nokusetshenziswa kwayo,

lokhu kumele cube yiyo kuphela inhoso yokuxoxisana ngezobuchwephesheshe kanye nokushintshana ngolwazi lwezebhizini. Esimweni ngasinye, noma okuphi ukuphathwa kahle noma ukujabulisa kumele cube ngokufanele ibhizinisi, okulingene futhi okuhambisana nale Nqubomgomu kanye nezinqubo ze-GH&E.

8. **Ukubhida Nokufakela Ithenda**

Iseluleko: Ukufakela ithenda noma ukubhidela izinkontileka ezinkulu - ikakhulukazi ezinhlanganweni zikhulumeni - kuveza ubungozi obukhulu ekulandelweni kwemithetho ngenxa yesilinganiso sezimali esihambisana nalezo zinkontileka.

8.1 Lapho Kunokusolisayo, noma okukhathazayo ngokuvuleleka noma inqubo yezinkambisonhle ngenqubo yokufakelwa kwethenda okungaxazululeki noma okungasombululeki, i-Vesuvius izohoxa enqubweni yokufakela ithenda.⁶

9. **Ukufinyelela Ezimakethe (Ukuthenga kanye Nemisebenzi Ehlanganyelwe)**

Iseluleko: I-Vesuvius ithwala umthwalo ngalokho okwenziwa umqondisi, izikhulu kanye nabasebenzi benkampani ebaqashayo, futhi ingase ibe nomthwalo ngezenzo zangaphambilini zezinkampani ezithengayo kanye nemisebenzi eyenziwe ngokuhlanganyela.

9.1 Konke ukuthenga okuphakanyisiwe kanye nohwebo lwemisebenzi ehlanganyelwe, noma amanye amasu okungena ezimakethe, kumele alandele imigomo efanele yezinkambisonhle ngaphambi kokuba cube nezivumelwano ezigcwele ngokwezinkontileka esisayindiwe.

9.2 Ukubukezwa kokulandelwa kwemithetho kwezinkampani ezitholakele, okubandakanya ubudlelwano nabangahlangene ngqo, kumele kwenziwe lapho kuqedwa uhwebo, zingakapheli izinyanga eziyisithupha emuva kosuku lokuthenga.

10. **Intshisekelo Yangaphandle**

Iseluleko: Intshisekelo Yangaphandle kanye nokuxhumana Nabasebenzi Bahulumeni kukodwa akuyidali inkinga. Izinkinga zivela lapho ubudlelwano bungavulelekile futhi kunokunxenxa okungafanele okusetshenziswayo noma okukholakala ukuthi kusethenzisiwe. Ukuxhumana ngqo nomsebenzi kahulumeni kungaholela ekungqubuzaneni kwezintshisekelo ecaleni laelowo msebenzi uma ethatha isinqumo esithinta i-Vesuvius, okungase kugcine sekubukeka njengokugwaza. Intshisekelo Yangaphandle ingase iveze ukushayisana uma iba nomthelela eqhazeni nasemajokeni e-Vesuvius.

10.1 Abasebenzi be-Vesuvius kanye nabanye abantu abasebenzela i-Vesuvius abavumelekile ukusebenzisa isikhundla sabo ukuzihlomulisa ngokwabo.

10.2 Abasebenzi be-Vesuvius kanye nabanye abantu abasebenzela i-Vesuvius kumele badalule ku-Vesuvius, ngokulandela inqubo Yentshisekelo Yangaphandle esebezayo:

⁶ Bheka Izincazeloo

- noma eyiphi Intshisekelo Yangaphandle abanayo; kanye ⁷
- nabo bonke Abasebenzi Bahulumeni abaxhumene nabo

ukuze noma okuphi ukushayisana kuqondakale futhi kulawulwe.

Ukulandela Izimiso Nokuqapha

Abaphathi Bophiko Lwebhizinisi ngalunye noma Umsebenzi Womhlaba Jikelele yibo abanomthwalo wokuqalisa le Nqubomgomu futhi baphoqeplele okudingekayo kuyo okumayelana nabasebenzi ngaphansi kwejoka labo.

Ukugunyaza ukukhokha, izipho kanye nezindleko kumele kuhambisane Nezinqubo ze-GH&E. Uphiko Locwaningomabhuku Lwangaphakathi Iuzoqalisa iNqubomgomu Nezinqubo ze-GH&E futhi bazohlola ukulandelwa kwezimiso. UMnyango Wezomthetho Weqembu unanomsebenzi wokuphendula noma emiphi imibuzo.

Ukuphulwa noma okungase kube ukuphulwa kwale Nqubomgomu

Bonke abasebenzi kudingeka babe nomthwalo ngokwabo wokuqhube umsebenzi webhizinisi ngokwezimiso zezinkambisonhle ze-Vesuvius futhi kulandelwe imithetho esebebenzayo okubandakanya ukubika ngokukhathazayo noma okusolisayo okuqondene nokuphulwa kwanoma eziphi izimiso. Okukhathazayo kungabikwa kumphathi oqondene nawe, ithimba lezomthetho noma ngasese ngokusebenzia Inombolo Yokuhlabu Umkhosi Yabasebenzi (iSpeak up).

Eminye imininingwane iqukethwe kuNqubomgomu i-Vesuvius Speak Up.

Ukuqequesha/okunye ukwelulekwa

Abasebenzi abakhethiwe kuzodingeka ukuthi baye koqequesha bachazelwe ngeNqubomgomu kanye nohlelo lokulawula (oluvezwane ngezibonelo) nokusebenzia uhlelo lokuqequesha oluqhutshwa nge-inthanethi ukuze kulekelelwe ulwazi olukule Nqubomgomu. Uma ungakhethwanga kodwa ufisa ukuqequesha, sicela uxhumane noMphathi Wezimali wakho noma elinye ilungu loMnyango Wezomthetho.

Imibuzo

Uma kukhona umbuzo onawo mayelana nale Nqubomgomu, sicela uxhumane nomphathi wakho, Inhlokohhovisi Yezwe noma ilungu loMnyango Wezomthetho.

⁷ Bheka Izincazel

Isithasiselo 1 - Izincazelol

Ukugwaza kusho:

- noma okuphi ukubekwa ethuben'i elingcono, ngezezimali noma ngenye indlela....
- eyethenjisiwe, ephakanyisiwe noma enikwe umuntu....
- ukubanxenxa.....
- ukwenza umsebenzi ngendlela engafanele.....
- esikhundleni somsebenzi....
- ngenhloso yokuthola noma yokuqhuba ibhizinisi.....
- noma ukubaklomelisa ngokwenza njalo.

Ukugwaza akudingeki ukuthi kube yimali. Noma yini ebeka ozozuza ethuben'i elingcono ingukugwaza - isib. ukujatshulisa ngezinto eziphambili, ukuqasha indodana noma indodakazi yekhasimende, ukunikela enhlanganweni eyintandokazi yomsebenzi kahulumeni. Ukubekwa ethuben'i elingcono akudingeki ukuthi kwenzeke ngokushintshisana ngokuthile - ukwenza isiphakamiso noma ukwethembisa kwanele.

Umsebenzi kahulumeni umuntu:

- onesikhundla sokushaya umthetho, sokuphatha noma sokwahlulela, ongabe uqokiwe noma ukhethiwe, noma
- owenza umsebenzi kahulumeni ngqo egameni lezwe noma likahulumeni (noma uphiko lwezwe noma indawo ethile), noma ngokungaqondile ngokusebenzia i-ejensi noma inkampani kahulumeni walelo zwe noma indawo (noma uphiko), noma
- umsebenzi noma i-ejenti yenhlango yamazwe ngamazwe ethinta umphakathi. (isib. i-UN), noma
- ibhizinisi lomsebenzi kahulumeni (isib. umsebenzi wenkampani kaHulumeni), noma
- iqemba lezepolitiki, isikhulu seqemba lezepolitiki, kanye nanoma ubani ogaqele isikhundla sokuba isikhulu ehhovisi lezepolitiki; noma
- isihlobo Somsebenzi Kahulumeni.

Ongahlangene Ngqo: ongahlangene ngqo uchazwa ngokuthi inoma ubani, abantu noma inhlango eyenzela i-Vesuvius umsebenzi noma egameni le-Vesuvius. Kubandakanya i-ejenti edayisayo, abathuthi bempahla, ochwepheshe/abeluleki kanye nabanye okuxhunyanwa nabo, osonkontileka, kanye nosonkontileka abancane (futhi kungabandakanya uhulumeni kanye namaphiko kahulumeni).

Ukulawula ukukhokha kuwukukhokha okwenziwa ukuze kutholakale futhi kusheshiswe ukwenziwa komsebenzi ngokohlelo wumsebenzi kahulumeni noma i-ejensi (isib. ukukhipha amalaisense noma izimvume, ukuqhuba impahla ehhovisini lokungena nokuphuma kwempahla ezweni). Kubuye kwaziwe ngokuthi ukukhokha "nge-grease" noma "nge-speed".

Intshisekelo Yangaphandle: Intshisekelo yesikhulu noma umsebenzi we-Vesuvius eqonde naye ngqo, yangasese, yebhizinisi, yokunikela noma yentshisekelo yezepolitiki (noma ilungu lomndeni elisondele noma okubanjenwe naye ebhizinisi) abanonsebenzi okumele bewenzile e-Vesuvius. Isibonelo:

- Ubunika/ukuba umqondisi webhizinisi noma inkampani
- Ukusebenzela/ukweseka inhlango eqhuba imisebenzi ngeminikelo ethile, inhlango yezepolitiki noma okusetshenzisanwa nabo ebhizinisi
- Ubudlelwano noma ukwazana nesikhulu sikahulumeni esithile.